**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE ENKONZWENI YESIKHUMBUZO EPORTSHEPSTONE MHLAKA 23 AGASTI 2007**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Uma isimo sinjena umuntu uzibuza ukuthi kungani impilo inesihluku kanjena? Lesi fundazwe nale ndawo ikakhulukazi isiya ngokusijwayela nje isimo esinjena. Akukapheli sikhathi esingakanani kade sikhala kuyo le ndawo ngokulahlekelwa ngabathandiweyo bethu ngenxa yezingozi zomgwaqo.

- Inselelo esibhekene nayo ngukuthi phezu kokuzibophezela kwethu ngokuqinisekisa ukuphepha kwabantu bakithi, sisaqhubeka nokulahlekelwa ngabantu emigwaqeni yethu.

- Nokho-ke, akufani nobhubhane lwengculazi lapha, ngikholwa ngukuthi sinalo ikhambi lalokhu. Indaba enkulu nje ngukuthi sizimisele yini ukugwema lezi zingozi eziqhubekayo nokusibhuqabhuqa.

- Njengesizwe sibonakala singazihluphi kakhulu ngokucabanga ngezingozi esibhekana nazo emgwaqeni. Njengoba kunabantu abaningi abazibandakanya nocansi oluphephile, kubonakala kunabantu abaningi abangakaboni ukuthi ukungaziphathi kahle emgwaqeni nako kuyigciwane elizogcina ngokubabhuqa.

- Ngeshwa, sizithola sifunda imikhuba emibi yokushayela sibonela kubazali bethu, kubafowethu, kodadewethu, ezihlotsheni nakosaziwayo esibathandayo ngasemakithi. Kukhona ngisho nabantu esibadumisayo ngalokuziphatha kabi emgwaqeni.

- Yikangaki nje sizwa abantu bezincoma ngejubane abebehamba ngalo phakathi kweGoli neTheku? Yikangaki nje sibona abantu betatazela befasa amabhande ngoba bebona imvimbamzila noma amaphoyisa ngaphambili? Yikangaki nje sizibonela ngokwethu umshayeli ephula umthetho womgwaqo kodwa singasho lutho?

- Ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiyi ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi.

- Imibiko ikhomba ukuthi umshayeli weveni uhlulekile ukuyilawula ngemuva kokuqhuma kwethayi yase ishayisa netekisi kwashona abantu abayishumi. Yebo, singaba nemibiko ngalokho okungase kube yimbangela yengozi njengamanje. Kodwa okusalayo ngukuthi amagama aselotshiwe.

- Yingakho sithanda ukududuza imindeni yalaba abalandelayo:

1. Mbuyiseli Dlamini (51)
2. Nonhle Mvumbi (23)
3. Alina Kwayikwayi (51)
4. Nkanyiso Kwayikwayi (28)
5. Nomonde Vuku (30)
6. Nomarashiya Kheswa (65)
7. Bawinile Khawula (37)
8. Hariet Thabethe (64)
9. Lidia Mdingi
10. Ongakahlonzwa

- Ngiyacabanga ukuthi lesi yisikhathi sokuthi sonke esesibe ngabashayeli isikhathi eside sizihlole kabusha ukuthi sisashayela ngokuyiko yini. Sibheke nje ukuthi sisakhombisa yini uma sishintsha umzila. Sisawafaka njalo yini amabhande. Sisazihlola yini izimoto zethu njalo ngaphambi kokuthatha uhambo. Sisayigcina yini imithetho yomgwaqo eyisisekelo sokusebenzisa umgwaqo.

- Sisangawenza umehluko emigwaqeni yethu, uma sibambisana siqaphele indlela esenza ngayo izinto. Njengabashayeli kumele siqaphele ikakhulukazi uma siphethe eminye imiphefumulo yabantu. Njengabagibeli kumele sihlale siqwashile ukuthi sihamba ngokuphepha nangokusemthethweni, singazifaki ezimweni eziholela ekuhlukumezekeni.

- Sinayo inombolo i**Mpimpa Hotline** lapho ningashayela khona uma nibona okungalungile ukuze nisize ekunqandeni izinhlekelele ezinjengalezi. Shayela ku **086 221 1010** – izwi lakho lingasindisa izimpilo**!**

- Njengoba sakwazi sekwanele ngobandlululo, namanje masihlangane futhi ngalesi khathi sefu elimnyama siqede ukubulawa kwabantu emigwaqeni yethu.

- **Masisho sonke sithi "Never and never again!**

**Ngiyabonga.**